agriculture
& rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

---

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, UMNU. THEMBA MTHEMBU, AKAYETHULA ENGQUNGQUTHELENI YABAFUYI**

**INDAWO: TONGAAT TOWNHALL**

**USUKU: APRIL 9, 2019**

Angithathe lelithuba nginemukele nonke kwiNgqungquthela yabaFuyi. Lezi zingxoxo kumele ngabe kade zenzeka njengoba ziyithuba lokuxoxisana nezinhlangano zabafuyi kanye nabafuyi mayelana nezingqinamba ababhekene nazo kulo mkhakha. NjengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu Natali, besifuna ukunihlinzeka ngalelithuba ukuze sixoxisane nabafuyi kanye nesibambisane nabo ekusimamiseni lomkhakha ngenhloso yokuqhamuka nezisombululo ezizoguqula lomkhakha wezoLimo.

Ukugcina imfuyo kuwuhlobo lokufuya oseluneminyaka lwenziwa yizizukulwane ngezizukulwane emiphakathini yethu kanti futhi ludlala indima ebalulekile ekubeni yisisekelo sezomnotho nezohwebo. Kusukela emandulo imfuyo ibihlinzekwa njengelobolo uma kuganiselwana, ihlinzeka inyama, amafutha nobisi, izikhumba zayo zakha amabheshu, amahawu, izikhwama, izingubo zokulala, izimpahla zokuhloba kanti ubulongo bayo bebusinda ezindlini buphinde busetshenziselwe ukupheka nokufudumala.

Imfuyo ibibaluleke kakhulu emphakathini yethu kangangokuthi imihlaba lapho abantu abebekhetha ukuzinza khona ibikhethwa ngokubhekelela izidingo zemfuyo kuqala ezifana nokutholakala kwamanzi, izimvula namadlelo. Yingakho-ke abantu bakithi abafuyile bazinza emihlabeni engasempumalanga yezwe ngoba inezimvula eziningi kanye namathantala omhlaba ongamadlelo emfuyo namasimu okulima.

Umphumela wobandlululo kanye nokubuswa kwezwe lethu yizizwe ezimhlophe, kwaholela ekutheni ingxenye enkulu yomhlaba nomnotho wezwe lethu iwele ezandleni zondlebezikhanya ilanga. Lo mlando usaqhubeka nanamuhla ukulawula ukuma kwesimo senhlalo kanye nesomnotho wabantu bakulelizwe.

Izingqinamba ezingumphumela walo mlando zibonakala emazingeni aphezulu okwesweleka kwamathuba emisebenzi, ububha obuthe cithi saka kanye

nokungalingani kwamazinga empilo yabantu bakithi abamnyama, ikakhulukazi labo abahlala emalokishini nasezindaweni zasemakhaya.

Lokhu kungalingani kwandile futhi kubonakala kakhulu uma ubheka kwezobunikazi. Umhlaba, impahla namakhono okwenza imisebenzi konke kusezandleni zabelungu. Lokhu kucaca kube sobala ikakhulukazi uma ubheka izimo zokuphila nezokusebenza kwabahlali nabasebenzi basemapulazini.

Kuyindaba eyaziwayo ukuthi abahlali abasebenza emapulazini aseNingizimu Afrika bayingxenye yomphakathi ehlupheka ngokwedlulele kunayo yonke kuleli lizwe. Abanawo amanzi ahlanzekile noma ugesi, bahlala ezindlini ezingekho esimweni esihle, baswele ingqalasizinda yokuqoqa indle, izimo abasebenza ngaphansi kwazo azigculisi, bahola kancane kanti futhi abanalo ilungelo elisekeliwe lokuhlala emapulazini.

Iningi labahlali basemapulazini lingelihlukumezeke kakhulu uma kukhulunywa ngokufuya ikakhulukazi njengoba lingenawo amalungelo emhlabeni eliphila kuwo. Sesibone izigameko eziningi zokuhlukunyezwa kwamalungelo abantu ezibandakanya ukulahlekelwa yimihlambi yemfuyo kwabahlali basemapulazi ngenxa yokungabi namihlaba. Lena yindaba ekusamele, njengohulumeni, sigxile kuyo ukuze siqhamuke nezixazululo zangempela zokuqeda lenkinga.

Siyazi ukuthi ezinye zezingqinamba ezibhekene nabafuyi abasafufusa ngaphandle kokusweleka komhlaba, zihlanganisa imali yokuthenga imfuyo nezinsiza-kufuya, imali yokugcina ibhizinisi lokufuya liphila kanye nokwesweleka kwendlela yokutsheleka imali ezikhungweni ezibolekisayo. Lezi zingqinamba zenabela emadlelweni angekho esimweni esihle, ukuguqula kwesimo sezulu, ukwesweleka kwamapulazi amakhulu ngokulingene ukwenza lomsebenzi, izingqalasizinda ezingenele, eziphukile noma ezingasebenzi ngezinga eligculisayo, ukweswela ulwazi lokuphathwa kwamadlelo, ukulawulwa kwemfuyo kanye nokungakwazi ukuqhudelana nozakwenu kulemboni.

Njengohulumeni, sisebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi sibahlinzeka ngosekelo oludingekayo abafuyi ukuze bakwazi ukubhekana nezinselelo abahlangabezana nazo.

EsiFundazweni saKwaZulu Natali kunamahektha angu 9.44 million omhlaba. Umhlaba ongu 82% ulungele ukufuya imfuyo. Sibamba lengqungquthela nje yingoba siqonda ngokuphelele ukubaluleka kokufuywa kwemfuyo kulesi siFundazwe kanye nomthelela wayo ongu 46.5% embonini yezolimo KwaZulu Natali.

Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngihambele sonke isiFundazwe. Ezingxoxweni engibe nazo nabafuyi bonke bakhale ngokungabi nawo umhlaba owanele ongamadlelo okugcina imfuyo yabo. Lesi ngesinye sezizathu esidale ukuthi thina njengomNyango sigxile ekuqaliseni uhlelo lwe **Big Five Projects** nengalwethula ngenkathi ngethula isabelo mali sonyaka owedlule. Lemisebenzi ebizwa nge **Big Five Projects** ihlanganisa **UKUBIYA, AMAPITSI, AMADIPHU, UKUMBIWA KWAMADAMU** kanye **neziNKAMBI ZEMFUYO**. Onyakeni odlule wezimali, siqalile ukwenza lemisebenzi eziFundeni ezahlukene esiFundazweni sethu sonke.

Ukusatshalaliswa ngempumelelo kohlelo lwe Big Five Projects akuzukuxazulula indaba yamadlelo kuphela kepha kuzoba yingxenye yezisombululo zokubhekana ne "somiso esigadla isinyenyela" esihaqe isiFundazwe saKwaZulu Natali njengoba sikhuluma. Lolu hlobo lwesomiso lubizwa ngokuthi yi "Green drought".

Ngokombiko owethulwe nguPhiko loCwaningo lwezoLimo nokuLawulwa kweziNhlekelele ngenyanga kaNhlolanja kulonyaka, izifunda zase Zululand, Amajuba, King Cetshwayo, uMzinyathi kanye noThukela kulindeleke ukuba zibe ngezikhahlamezeka kakhulu ngenxa yalesi somiso esinyenyayo.

Noma kube nezimvula ezinhle ezinile kusukela ngoZibandlela nyakenye kwaze kwaba maphakathi noNhlolanja kulonyaka, lombiko ubalula ukuthi kuphinde kwaba namazinga okushisa aphezulu kakhulu naholele ekutheni umswakama ongene emhlabathini uhwamuke ngokushesha kwabe sekunqandeka nokuhluma okwanele kokutshaliwe kanye notshani emadlelweni.

Lombiko uphinde waveza ukuthi nomthamo wamanzi emadamini kanye nemifula esezingxenyeni ezahlukene zesiFundazwe wehla nsukuzonke ngenxa yokuhwamuka okudalwa yisifudumezi kanye nezidingo zamanzi emphakathini.

Abalimi bommbila kanye nemifino ezindaweni ezingaphansi kwemikhandlu yasoKhahlamba, Mpofana, Magudu, Richmond, Pongola, Jozini noMvoti sebeqalile ukuwubona umphumela walesi somiso emva kokuwa kwamatshe ezulu abhubhise okutshaliwe.

Ngakho-ke sexwayisa abafuyi ukuba baqalise ukunciphisa inani lemihlambi ngokuhweba ngemfuyo yabo isesesimweni esihle bese bebeka imali emabhange ukuze baphinde bayithenge uma isimo sesomiso sesedlule.

Siyabenxusa ukuba baqikelele ukwenza lokhu okulandelayo ngalenkathi yesomiso esigadla isinyenyela:

- Ukugcina isibalo semihlambi esincane ukuze kungadicileleki phansi amadlelo
- Ukuhlinzeka izindawo zemfuyo zokuphuza amanzi ezanele
- Ukuqikelela ukusebenzisa amanzi ngokuchophelela
- Bandise umthamo wokudla okunomsoco okuhlanganisa namatshe okukhotha nosawoti.
- Badayise imfuyo esindala, engakhiqizi nengekho esimeni sokukwakha inzuzo
- Dadabule amadlelo abe yizinkambi ezahlukene ukuze bakwazi ukulawula izinga lokudliwa komthamo wotshani ngosuku
- Ukugenca ukhula oluyizifiki emadlelweni
- Ukwakha izivimba zemililo yequbula
- Nokuhlinzeka izindawo ezingumthunzi wemfuyo

Umbono esinawo uthi, **"Imboni yezolimo edidiyelayo, esimamayo nenoguquko olwakha imiphakathi edlondlobala ngokulingana nemvelo."** Ngokusebenzisana nabafuyi siyakholwa njengomNyango ukuthi ukungenelela kwethu kungavula amathuba okuthi abafuyi bafinyelele esicongweni sokufuya baphinde bahlinzeke nokudla okwenele KwaZulu Natali.

Umsebenzi womNyango ucacile, sifuna abafuyi abafuyela ukuzondla nalabo abaqalisa ukufuya ngenhloso yokuhweba bakhule babe ngabahwebi abazimele. Sikhuluma nje, bangu 40% kuphela abantu abamnyama abafuya imfuyo ngenhloso yokuhweba kepha kulabo bangu 5% kuphela abayisa imfuyo yabo emadeleni. Yingakho-ke singumNyango sifuna ukuqhakambisa izinhlangano zabalimi, sakhe izingqalasizinda sokuhweba kanye namadela ukuze sisekele abafuyi basezindaweni zasemakhaya. Inhloso yethu yilokhu:

- Ukuthuthukisa ulibofuzo lwemfuyo yasemakhaya siphinde sinqade ukulumbana kwemfuyo ezalanayo
- Ukthuthukisa isimo samadlelo kanye nokudla okuyisengezo kokondla imfuyo ezindaweni zasemakhaya
- Ukuthuthukisa umkhiqizo wenyama KwaZulu Natali kanye nokuwusabalalisela emadeleni
- Ukuthuthukisa isimo sempilo yemfuyo ngohlelo lwethu lokunakekela impilo yemfuyo
- Ukugqugquzela ukuhweba ngemfuyo ngokwakwa izizinda zendali, ezokondla kanye nezokuthuthukisa imikhiqizo yemfuyo (efana namadela nezindawo zokushuka izikhumba)
- Ukuhlomisa abafuyi nezinhlangano zabo ngamakhono okuzimela
- Ukuguqula izindawo zasemakhaya zibe yimboni yokukhiqiza imfuyo yenyama
- Ukuthuthukisa isimo somnotho sabafuyi basemakhaya.

Sifisa futhi ukunxusa abafuyi ukuthi bangene kuzo zonke izigaba zemikhiqizo etholakala kulomkhakha. Kunemakethe enkulu evulekile yokuthumela inyama emazweni angaphandle ekufanele ngabe abafuyi bakithi bayingxenye yayo. Kepha sithole ukuthi kwalabo asebengenile abakwazi ukugculisa izidingo zalemakethe. Yingakho-ke siphinda senxusa abafuyi ukuba bazibandakanye ezinhlelweni ze RASET ngoba yizo ezivula lamathuba ezimakethe kubafuyi.

NjengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, sesitshale izimali eziningi ophikweni lwethi lokunakekela impilo yemfuyo nokuyilo oludlala indima enkulu ekwesekeleni nasekuthuthukiseni ukuphathwa kahle kwezilwane nempilo yazo. Lolu phiko luqinisekisa ukuthi abantu abahlaselwa yizifo ngokuthi balawule ukusabalala kwezifo ezithathelanayo ezihlasela izilwane nabantu. Ngokwenza njalo, luqinisekisa ukuthi izimakethe zangaphakathi nezangaphandle kwezwe zihlinzekwa ngemikhiqizo yezilwane eseqophelweni elifanele neliphephile. Ngokwesu lomNyango lokuletha uguquko kwezolimo, loluphiko lubaluleke kakhulu ekuqaliseni izinhlelo zokuguqulwa kwemikhiqizo yezolimo kanye namapulazi emiphakathi.

Zonke iziFunda zethu zinodokotela bezilwane abazinze kuzo ngenhloso yokwelekelela abafuyi. Usizo lalaba odokotela lumahhala. Senxusa bonke abanini bemfuyo ukuba babasebenzise laba odokotela. Olunye usizo abaluhlinzekayo yilolu:

- Ukulawulwa kwezifo – Ukugonywa kwemfuyo (anthrax, amarabi, Newcastle njll)
- Ukunakekelwa kwempilo yezilwane

- Ukuqapha ukusabalala kwezifo kanye nokuqagula ukuthi zifo zini ezihlasela imfuyo.
- Ukukhishwa kwezimvume zokufudukisa imfuyo
- Ukunakekela impilo yemiphakathi ezifweni eziqhamuka emfuyweni
- Ukuhlomisa abafuyi ngolwazi

Sizwile ukuthi kube nezingqinamba kwezinye iziFunda ezifana noGu, Harry Gwala noMgungundlovu lapho kube nokwesweleka kodokotela bezilwane. NjengomNyango, sesiqalile ukululungisa loludaba ngokukhangisa lezi zikhundla emaphepheni, sinethemba ukuthi khona maduze kuzoqashwa odokotela abasha.

Siyazi futhi ukuthi kuke kube nezingqinamba lapho abafuyi bengabatholi usizo lwabeluleki bemfuyo uma beludinga. Njengohulumeni kusamele siqinisekise ukuthi usizo lwabeluleki bemfuyo lufinyelela yonke indawo lapho kunabafuyi khona.

Siyasebenzisana futhi nomNyango wezoLimo, amaHlathi nezokuDoba ngohlelo lwawo oluqinisekisa ukuthi zonke izitshudeni zobudokotela bezilwane ezixhaswe nguhulumeni ziqala zisebenzele uhulumeni isikhathi esingangonyaka ngaphambi kokuba zizisebenze ngokuzimela. Lolu hlelo luqalise ngonyaka ka 2016 lwabeka lamathwasa obudokotela emiphakathini yakithi ngenhloso yokuba ahlinzeke usizo lwemitholampilo yezilwane. Ukuba khona kwalezi zitshudeni sekwenze umehluko obonakalayo emiphakathini yethu ngenxa yegalelo ezilidlalayo.

Bakwethu, njengoba nazi thina njengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya sesihlanganise iQhinga eliyiSekelo sezoLimo oluhlanganisa nohlelo lokufuywa kwemfuyo. Inhloso yethu ukuba neQhinga eliyiSekelo sezoLimo elizosebenza njengomhlahlandlela. Sesixoxisanile nabo bonke esibambisene nabo okuhlanganisa izinhlangano zabafuyi mayelana nokuthuthukisa leli Qhinga eliyiSekelo sezoLimo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi yonke imikhakha yezolimo iyabandakanyeka.

Sengiphetha, ngiyazi ukuthi enye yezingqinamba ezibhekene nabalimi yile yokwebiwa imfuyo. Sesimeme amaphoyisa ukuba eze azesothulela uhlelo lwawo bese sicobelelana ngamaqhinga okubhekana nalengqinamba. Ngokusebenzisana nomNyango wezoLimo kaZwelonke, selekelela abafuyi ngohlelo lokushaya uphawu imfuyo. UMthetho wokuShaya uPhawu ucacile, uthi zonke izilwane ezifuyiwe kumele zibe nophawu olusemthethweni ukuqinisekisa ukuthi uma zilahlekile ziyabuyiseleka kunanini bazo uma sezitholakele. Uma uphawu lwakho selubhaliswe ngokusemthethweni kwibhuku likazwelonke lokuqopha izimpawu, akekho noyedwa ovumelekile ukuba alusebenzise ngaphandle kwakho nangaphandle kokuvumelana nawe. Yingakho-ke senxusa bonke abanini bemfuyo benze konke okusemandleni ukuba babhalise izimpawu zabo ukuze sinqande ukwebiwa kwemfuyo kungaphinde kuqhubeke.

Njengoba kungenisa ubusika, ngifuna ukukhumbuza abafuyi ukubalulela kokuzimbandakanya ohlelweni lwethu lokugoma imfuyo yabo. Mabaqiniseke ukuthi izinkomo zabo zijovwa ngeDoraject AD3E. Lomjovo uyimithi emithathu uwodwa kanti futhi usiza nasekuqedeni izikelemu.

Njengoba isiqubulo sethu sithi, "Hweba ngemfuyo ezindaweni zasemakhaya ukuze ukukhulule ingcebo ecashe kuhologo lwemikhiqizo", thina sithi sindawonye

masiqhamuke nezisombululo ezizokwenza ukufuya kuchume KwaZulu Natali kuphinde kwenze izimpilo zabantu basemakhaya zibe ngcono. Uhulumeni kaKhongolose oholwa nguMongameli uCyril Ramaphosa uqoke ezolimo njengeminye imikhakha enethuba lokudlodlobalisa umnotho kanti uthi lokhu kungenzeka uma sisebenzisana ndawonye njengabalingani emkhakheni wezoLimo.

Ngiyabonga.